

UKUKALA UBUDE BEZINGANE EZINCANE

Igama lengane:

Inombolo yomfundi:

Usuku:

Okudingekayo: ukukala ubude-ibhodi lobude (elibuye libizwe ngesikalizinsana) okumele libekwe endaweni eqondile, enganyakazi enjengetafula

Ukukala ukuphakama – sebenzisa ibhodi lokuphakama (elibuye libizwe ngestadiyomitha) elibekwa kuyengela langakwesokudla phakathi kweleveli yephansi kanye nokuqondile okunjengodonga noma insika.

Kala ubude/ ukuphakama emva kokuyikala, ngesikhathi ingane isakhumulile

NB: Ubude bengane bukalwa uma ilele phansi (iphumule).

Ukuphakama kukalwa uma ime iqondile.

Inhloso: ukubona ukuthi ingane ikhula kanjani.

Ngokujwayelekile ukuphakama ngokuma kuba ngu 0.7 cm ngaphansi kobude obukalwa uma ingane ilele.

Inqubo	Okwenziwe	Okungenziwanga
1. Bingelela bese uzethula kumama kanye nasenganeni		
2. Ukulungiselela: Bheka ukuthi izicathulo, amasokisi kanye nezihlobisizinwele kususiwe. * Qaqa umqhino uma uzophazamisa nokukalwa kobude/ ukuphakama* Noma ngabe ukala ubude noma ukuphakama, umama kumele alekelele ekukalweni kwengane ngokuyishushuzela noma ayithulise.		
3. Chazela umama izizathu zokukalwa kwengane kanye nezigaba zenqubo (kuyomele azibekwe yena ingane ebhodini lobude bese elekelela ngokubamba ikhanda lengane lingagudluki ngesikhathi wena ukala ingane. Mkhombise ukuthi kumele ame kuphi ngesikhathi ebeka ingane phansi, i.e., maqondana nawe, ohlangothini lwebhodi lobude kude nethephu. Phinda umkhombise lapho okumele abeke khona ikhanda lengane (liqondane nebhodi lekhandela elinanyathiselwe) ukuze akwazi ukunyakaza ngokushesha ngaphandle kokukhathaza ingane. 3.1 Phendula noma yimiphi imibuzo angaba nayo. 3.2 Mkhombise bese umthshela ukuthi angakusiza kanjani. 3.3 Mchazele ukuthi kusemqoka ukuba ingane igcineke inganyakazi ukuze kutholakale isikalo esifanele.		
4. Cela invume (ngomlomo) yokukala ingane		
5. Hlanza izandla zakho ngesibulalimagciwane esine-alkhololi		
6. Yemboza ibhodi lobude ngendwangu elula noma ethambile ukuqinisekisa inhlanzeko kanye nokusiza ingane.		
7. Mtshele ukuthi alalise ingane ngomhlane, ikhanda layo liqondane nebhodi lekhandela elinanyathiselwe, licindezelwe yizinwele.		



8. Ngokukhulu ukushesha beka kahle ikhanda ukuze lo mugqa omile ocatshangwayo kusukela emgudwini wendlebe kuya kungaphansi lebhola lesa livundle oqwebeni. (Amehlo engane kumele abuke aqonde phezulu). Cela umama asuke ngemuva kwebhodi lekhandu.		
Bamba ikhanda lime endaweni eyodwa		
9. Ijubane lisemqoka. Ukuma ohlangothini lobude bebhodi lapho ungakwazi ukubona ithyphu yokukala uhambise nebhodi lezinyawo:		
9.1 Bheka ukuthi ingane ilele iqondile, iqondene nebhodi futhi ingaguquki. Kumele amahlombe athinte ibhodi, umgogodla akumele ugobe. Cela umama akwazise uma ingane igoba noma igudluka endleleni ebikade imi ngayo.		
9.2 Bamba imilenze yengane ngesandla esisodwa bese esinye isandla sihambise ibhodi lemilenze. Cindezela kahle amadolo ukuze kuqonde kahle imilenze ngaphandle kokumlimaza. Qaphela: angeke uqondise amadolo osana ngendlela efanayo neyezingane ezindala. Amadolo ezinsana athambile futhi angalimala kalula, ngakho ungawacindezeli kakhulu.		
9.3 Uma ingane iyaluza kakhulu imilenze yayo ingamiseki endaweni eyodwa, ungakala uma nje umlenze owodwa umi endaweni.		
9.4 Ngesikhathi usabambe amadolo, donsa ibhodi lezinyawo ngasenganeni. Izithende zezinyawo kumele ziqonde zilinganisane nebhodi lezinyawo, izinzwane zibheke phezulu. Uma ingane igobisa izinzwane bese lokho kuvimba ukuthi ibhodi lezinyawo lithinte izithende, hwaya izithende kancane bese wehlisela ebhodini lezinyawo ngokushesha ngesikhathi ingane iqondisa izinzwane.		
10. Funda okukaliwe bese urekhoda ubude bengane ngokwamasentimitha kulokho okugcine kutholakele ngo 0.1 cm.		
11. Khumbula: Uma ukala ubude bengane eneminyaka emibili nangaphezulu, susa u 0.7 cm ebudeni bese urekhoda imiphumela njengokuphakama kwengane kumanothi okufikela ukuzokalwa.		
12. Rekhoda isisindo sengane siye kokuseduze kwe-0.1 kg ekhadini lengane.		
13. Yazisa obezokala ingane ngemiphumela yokukalwa kwengane		
14. Humusha lokho kukalwa		
15. Bonga lowo obezokala ingane bese umchazela ukuthi usuqedile ukukala ingane		
16. Hlanza izandla ngesibulalimagciwane esine-alkhoholi		

Kwenziwe kahle

Akwenziwanga kahle

Ukuphawula komelekeleli:.....

Igama nesibongo somelekeleli.....



languagematters@UKZN
ezolimi@UKZN
University Language Planning and
Development Office



BAQONDE

Learn in
Your Language



Co-funded by the
Erasmus+ Programme
of the European Union

Isiginesha.....